



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

NOVEMBA 2016

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-7.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Indaba (50)
ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, OWODWA ESIQESHINI B kanye noWODWA ESIQESHINI C.
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendulela imibuzo, lube sekhasini lalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)
6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
7. Ungazishintshi izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.
8. Qaphelisisa isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.
9. Ungazibali izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lalo lodwa.

- 1.1 Kwangisiza ukukhuluma iqiniso. [50]
- 1.2 Ayikho indawo efana nekhaya. [50]
- 1.3 Ukunqamuka kwamandla kagesi ('load shedding') kwaletsa izinkinga. [50]
- 1.4 Ubuhle nobubi bokufunda imiyalezo kumakhalekhukhwini okungewona owakho. [50]
- 1.5 INingizimu Afrika seyikulungele yini ukuba nemfundo yamahhala? [50]
- 1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

1.6.1



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

[50]

1.6.2



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

[50]

1.6.3



[Sicashunwe ku-www.googlepics.com]

[50]

AMAMAKI ESIQEPHU A:

50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umzala ('cousin') wakho ugule walaliswa esibhedlela ngesikhathi sokubhalwa kwezivivinyo zokuphela konyaka. Usephelelwe yithemba ngekusasa lakhe.

Bhala incwadi uzame ukumkhuthaza ukuthi angaphelelwa yithemba ngoba usazolithola elinye ithuba lokubhala uma esengcono. [30]

2.2 IKHARIKHULAMU VITHAYE ('CV') KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO ('COVERING LETTER')

ULinda Mhlongo oneminyaka eyi-17, ohlala e-27 Kiza Road, Maramba Town, 2986, ofunda uMatikuletsheni eVuma High School, uthe efunda iphephandaba Isolezwe langomhla we-10 Okthoba 2016 wabona lesi sikhangisi esilandelayo:

PHAMBILI HOTEL**ISIKHALA SOMSEBENZI WOKUBA UWETA****Abafisa ukufaka izicelo kufanele kube:**

- Abafundi abaneminyaka ephakathi kweyi-16 kuya kweyi-19.
- Abakhuluma izilimi ezimbili noma ngaphezulu.
- Abafunda ibanga le-11 noma le-12.
- Abanomazisi waseNingizimu-Afrika.
- Abanobuzwe baseNingizimu-Afrika.
- Owobulili besilisa noma besifazane.

Thumela isicelo sakho ku-Mnumzane JP Zama (Imenenja) ngaphambi komhla wama-28 Disemba 2016. Ikheli: Phambili Hotel, PO Box 567, Bloemfontein, 2977.

Bhala ikharikhulamu vithaye kanye nencwadi eyisiphelekezelelo usebenzise imininingwane kaLinda Mhlongo. [30]

2.3 INDATSHANA (I-ATHIKHILI) YEPHEPHABHUKU

Abafundi abaningi ezikoleni basebenzisa ama-tablets emakilasini ngesikhathi sokufunda. Lokhu kuveza imizwa ehlukenene kothisha, abazali nabafundi.

Bhala indatshana (i-athikhili) yephephabhuku uveze umbono wakho ngalokhu. Nika indatshana yakho isihloko esihehayo. **[30]**

2.4 INKULUMO

Esikoleni sakho kunomcimbi wokuvalalisa abafundi asebeqedile ibanga le-12. Njengomphathi wabafundi ucelwe ukuba wethule inkulumo ngalolu suku.

Bhala inkulumo yokubonga othisha nabazali. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 IKHADI LESIMEMO

Ngomhla we-16 kuJuni ('Youth Day') kuzofika uMfundisi VJ Naidu owaziwa gezinkulumo ezikhuthazayo kubantu abasha eMbombela Stadium.

Bhala ikhadi lesimemo elizosetshenziswa ukumema abantu abasha basesiFundazweni saseMpumalanga ukuze bafike ngobuningi babo. [20]

3.2 IPHOSIKHADI

Uyomela izwe lakho emncintiswaneni/emqhudelwaneni wama-Olympic Games kwelinye lamazwe aphesheya kwezilwandle. Sekuphele izinsuku eziyi-6 wafika kuleli lizwe.

Bhala iphosikhadi uxoxele abazali bakho ngohambo lwakho. [20]

3.3 IMIYALELO

Isikole sakho njalo ekuqaleni konyaka sifundisa abafundi izindlela zokuphuma ngokushesha uma kunesimo esibucayi ('in case of emergency').

Uthishanhloko/Uthishomkhulu ukucele ukuba ubhale imiyalelo ezolandelwa ngabafundi uma kwenzeka kuba nesixwayiso ukuze baphume ngokushesha.

Bhala imiyalelo ezolandelwa abafundi nawo wonke umuntu okhona esikoleni ukuze baphephe. [20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100